



an agency of the

Department of Sport, Arts & Culture

The KwaZulu-Natal Performing Arts Company

Declared in terms of section 3(1) of the Cultural Institutions Act, 1998(Act No 119 of 1998) on 01 April 2003

PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa

Tel: (031) 3699555, <http://www.playhousecompany.com>

**UKUBHIDELE ITHENDA ELIMAQONDANA NEZEMISEBENZI YOCWANINGOMABHUKU
LWANGAPHAKATHI E-PLAYHOUSE COMPANY OKUZOBA YISIKHATHI ESIYIMINYAKA
EMITHATHU (3)**

INKOMBA: PHC 94/2026

I-Playhouse Company iyisikhungo sezamasiko esamenyezelwa ngokwesigaba 3(1) soMthetho omaqondana Nezikhungo Zamasiko we-1998 (uMthetho uNo. 119 we-1998), esinezakhiwo ezikula makheli, u-231 Anton Lembede Street kanye no-29 Acutt Street, eThekwini.

Kumenywa abahlinzekimsebenzi abafanelekile ngokolwazi, amakhono kanye nesipiliyoni ukuba babhidele ithenda yokuhlinzeka kanye nokwengamela umsebenzi wocwaningomabhuku lwangaphakathi ozokwenziwa ngokuphelele yinkampani yangaphandle e-Playhouse Company isikhathi esiyiminyaka emithathu (3), kusukela ngomhla **lu-1 kuMbasa wezi-2027 kuya kumhla zingama-31 kuNdasa wezi-2030**. Inkontileka ihlinzeka ngesamba esiphezulu samahora angu-**500 okukhokhelwa umsebenzi wobungcweti ngonyaka wezimali ngamunye** ngokohlelo locwaningomabhuku lwangaphakathi olugunyaziwe.

Isifinyezo Sobubanzi Bomsebenzi: Umhlinzekimsebenzi oqokiwe uzohlinzeka ngohlelo locwaningomabhuku lwangaphakathi olusekelwe ekuhlolweni kobungozi (risk-based internal audit programme) oluhambisana nama-Global Internal Audit Standards™ e-Institute of Internal Auditors, uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi (PFMA), iMithethonqubo kaMgcinimafa kaZwelonke kanye nezinye izidingo ezisebenzayo. Ububanzi bomsebenzi buzobandakanya ucwaningo lwezimali; ucwaningo lokuthobela imithetho nezinqubomgomo; ucwaningo lokusebenza ngempumelelo (performance auditing); ucwaningo lwezobuchwepheshe bolwazi; ukuhlolwa kobungozi; ukulungiswa kwezinhlelo zocwaningo lweminyaka emithathu oluqhubekayo kanye nezinhlalo zonyaka; ukulandelela ukuqaliswa kwezinkomo ezivela ocwaningweni lwangaphakathi nolwangaphandle; kanye nokubika kubaphathi naseKomidini Lokucwaninga Kwamabhuku Nokubusa (Audit and Governance Committee).

Ababhidayo kumele bahlangabezane nazo zonke izidingo eziyimpoqo zokufaneleka kanye nemibhalo okufanele ibuyiswe njengoba kuchazwe emqulwini wethenda, kubandakanya ukubhaliswa ohlelweni lwe-Central Supplier Database (CSD); uUkuhambisana nezibopho zentela; amafomu e-SBD agcwaliswe futhi asayinwa; ubufakazi besimo se-B-BBEE; isitifiketi sokuma kahle ngaphansi kwe-COIDA; ubufakazi begunya lokubhida; ubufakazi bomshwalense webhizinisi wokubhekela izingozi (public liability cover); uhlelo lwamanani oluhambisana neminyaka emithathu olusekelwe emahoreni angama-500 okukhokhelwa umsebenzi wobungcweti ngonyaka; uhlaka lohlu lwabasebenzi benkampani yakho (organogram) olukhombisa abasebenzi abaphakanyisiwe ababalulekile.

Imiqulu yethenda iyatholakala kusizindalwazi soMnyango Wezezimali kaZwelonke (National Treasury eTender Publication Portal) kanye nakusizindalwazi se-Playhouse Company esithi: <https://playhousecompany.com/tenders/> kusukela ngomhla zi-**09 kuMfumfu wezi-2026**.

Usuku lokuvalwa kwethenda

uMhla zi-02 kuLwezi 2026 ngehora le-11:00 ekuseni.

Awukho umhlango omayelana nale thenda ozokwenziwa esizeni ohleliwe.

Ukulethwa kwamaphepha okubhida: Kumele amaphepha okubhida athunyelwe ngezobuchwepheshe besimanje kusetshenziswa i-imeyili noma afakwe ku-link evikelekile ku-

tenders@playhousecompany.com ngaphambi komhla zi-02 kuLwezi 2026 ngehora le-11h00. Ama-imeyili azobhekwa kuphela ngosuku lokuvalwa kwethenda ngesikhathi sokuvala. Imibuzo mayelana nethenda akumele ithunyelwe kuleli kheli. Amathenda azothunyelwa emva kwesikhathi kumbe athunyelwe ku-imeyili eqondene nokubuza imibuzo angeke abhekelelwe.

Imibuzo: uMnu. Siya Manqele, ku-031 369 9507, accountant2@playhousecompany.com; uNkk. Kay Khan, kayk@playhousecompany.com; noma uMnu Athaphiwe Xaba, buyer@playhousecompany.com, ku-031 369 9555.